


Yimpelasonto, ikilasi lethu livakashela iKruger National Park. Yisiqiwi esikhulu ezweni.

Uma ubheka ibalazwe, kuyabonakala ukuthi lesi siqiwi sihlanganisa izifundazwe iMpumalanga neLimpopo.

Sijabule kakhulu!



Ekuseni ngovivi, sihlangana nomqondisi wezokuvakasha. Uphinde abe ngumqaphi wezinyamazane.

“Sanibonani nonke! Igama lami nginguNompumelelo, kodwa ningangibiza ngoMpume,” kusho umqaphi. “Isiqiwi yindawo ethulile, kumele sehlise amazwi.”

Singena esiqiwini. Dukuduku uMpume umisa ibhasi. Ubheka ngesibonakude sakhe. Uzizwa ejabule kakhulu!

“Ngubani obona isilwane esinoboya obumabalabala? Sisemalini yephepha engama-R200,” esho, ekhomba esihlahleni esikhulu.

Yebo! Nasiya! Sibona indlozi egatsheni lomuthi. Saze sanenhlanhla!

Qaphela, ndlovudawana! Qaphelani, zimpala nawe mpunzi! Sengathi kunendlozi elambile buqamama!



Maduzane ibhasi liyama futhi.

UMpume uthi, “Ngubani obona isilwane esinezimpondo ezinkulu esisemalini yephepha engama-R100?”

Yebo! Nansiya inyathi otshanini.

Qaphela, mpisi! Kunenyathi enolaka buqamama!



Iyaqhubeka ibhasi esiqiwini.

UMpume umisa ibhasi futhi. Uzizwa ejabule kakhulu!

Uthi, "Ngubani obona isilwane esisemalini yephepha engama-R50?"

Yebo! Naliya ibhubesi ngaphansi komuthi. Yinhlanhla yethu ngempela!

Qaphela, mpofu! Lelo bhubesi linamazinyo namazipho abukhali!



Siqhubekela phambili nohambo lwethu.

Manje sonke sesibona indlovu enkulu enombala ompunga phambi kwethu!

UMpume uthi, “Lesi silwane esinomboko sisemalini yephepha engama-R20!”

Qaphela, mpungushe! Lawo mazinyo endlovu made futhi abukhali!



Uhambo lwethu luyaqhubeka.

UMpume umisa umshayeli webhasi. Ujabule kakhulu!

Uthi, "Ngubani obona isilwane esikhethekile esisemalini yephepha engama-R10?"

Yebo! Sibona obhejane ababili otshanini.

UMpume usitshela ukuthi obhejane basengozini. Ngeshwa, bazingelelwa izimpondo zabo. Sinenhlanhla kakhulu ukubabona!




UMpume ucela umshayeli ukuthi ame, ukuze sidle.

UMpume uthi, “Namhlanje sizibonile izilwane ezinkulu ezinhlanu! Kudala zanikwa leligama elithi ‘ezinhlanu ezinkulu’ ngoba kwakuyizilwane ezinhlanu okwakunobungozi kakhulu ukuzizingela.”

Ngemuva kokudla sibuyela ebhasini, siqonde emakhaya.

Kazi yiziphi izilwane esisazohlangana nazo uma sesibuyela emakhaya!



Ngempela isiqiwi yindawo yezimanga!